**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUVULWA KWEBHULOHO LEZINYAWO EMFULENI ISIKHWEBEZI NGOLWESIHLANU MHLAKA 8 JUNE 2007.**

- **Ngiyanibingelela nonke.**

- UHulumeni wethu uthatha ukwakhiwa kwemigwaqo namabhuloho njengomgogodla wokwakhiwa nokuthuthukiswa komnotho.

- Njengamanje, uMnyango wezokuThutha esifundazweni usembhidlangweni wokwakha amabhuloho okuwela ngezinyawo kuso sonke isifundazwe. Yingakho-ke silapha namhlanje ukuzovula ngokusemthethweni ibhuloho lokuwela umfula iSikhwebezi.

- Lona ngomunye nje wemisebenzi eminingi esiyenzayo kulesi funda saseMpangeni. Leli bhuloho lizosiza umphakathi ukuba ufinyelele emtholampilo nabafundi bafinyelele esikoleni ngaso sonke isikhathi sonyaka. Esikhathini esedlule imiphakathi ibiphoqeleka ukuwela ngezibuko elifushane lomgwaqo uD1730.

- Ibhuloho lomfula iSikhwebezi lingamamitha angu-75 ubude kanti lakhiwe ngesikhathi esiyizinyanga ezine ngesamba sika-R2.9 million. Kuyajabulisa ukuthi lo msebenzi udale namathuba emisebenzi emphakathini wendawo.

- Ngithanda ukugcizelela ukuthi uma sivula la mabhuloho, sisuke sazi kahle kamhlophe ukuthi enye yezinhloso zethu ukusindisa izimpilo zabantu ikakhulukazi izingane zethu ezihlale zibeka izimpilo zazo engozini zize ziphoqeleke ukungayi esikoleni ngezikhathi zasehlobo.

- Akusona isifiso sethu njengoMnyango ukubona izimo ezifana nalesi esavela kwi-TV ngehlobo lika-2004 – lapho usizi lwezingane zesikole iNomzimane High School ezaziphoqeleka ukuwela umfula iMfolozi igcwele idla izindwane uma ziya esikoleni nsuku zonke, lwahlukumeza umoya.

- Ukwakhiwa kwemigwaqo engenela ezakhiweni zomphakathi namabhuloho ezinyawo nokukhuthaza ukuthi kusetshenziswe abantu abasebenza ngezandla, kuyizinto ezibaluleke kakhulu ezenza ukuthi uHulumeni wethu akwazi ukuletha ingqalasizinda edingeka kakhulu emiphakathini yasemakhaya, nokuqinisekisa ukuthi kudalwa imisebenzi lapho idingeka khona kakhulu.

- Le ndlela ihambisana kakhulu nekhwela elahlatshwa uMongameli wezwe ukuthi kulethwe ingqalasizinda ngokusebenzisa uhlelo lokudala amathuba emisebenzi i-Expanded Public Works Programme (EPWP). Ihambisana futhi nohlelo lokulethwa kwengqalasizinda yezokuthutha emakhaya ukuze siqinisekise ukuthi kuyahambeka ezindaweni zasemakhaya.

- Lapha siqonde futhi ukuletha uhlelo lwezokuthutha emakhaya oludidiyele oluzokhuthaza intuthuko yezomnotho endaweni, luxhumanise imiphakathi nezidingongqangi, futhi luqinisekise ukuthi izinga lempilo liba ngcono emiphakathini yasemakhaya.

- Namhlanje kuyangijabulisa ukuthi sivula ngokusemthethweni ibhuloho lomfula iSikhwebezi. Lo msebenzi ungomunye okhombisa ukuzibophezela kukaHulumeni wethu ukuletha ithemba kuleyo miphakathi edinga kakhulu, ukuze nayo ibe nesizathu sokujabulela impilo engcono kubantu bonke.

- Akukho ukungabaza ukuthi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usuhambe indima enkulu ekufezeni umgomo wawo wokwakha uhlelo lwezokuthutha olusabalele nolusimeme KwaZulu-Natal.

**Ngiyabonga.**